



Interfaith Declaration on Climate Change

ISIMEMEZOLO NGOKUGUQUKA KWESIMO SEZULU KWEZENKOLO

UKUGCINA, NOKUHLONIPHA KUNGUMGOMO WEZENKOLO KULOMHLABA ESIPHILA KUWO. KULESI SIKHATHI ESIPHILA KUSO SIBEKA IMILO YALOMHLABA ENGCUPHENI NGESIVUVU SOKUSHISA. LESIVUVU ESIYIGESI SENZA KUBE NOKUGUQUGUQUKA KWESIMO SEZULU UMHLABA WONKE, OKUDALWA UKUSHISA KOMHLABA. KUDALE I-ESIDI OLWANDLE. LOKHU KUGCINE KUBEKE BONKE ABANTU NAKHO KONKE OKUPHULAYO ENGCUPHENI.

UKUSENTSHENZISA NGOKWEQILE KWEZINTO EZIHOLELA UKUTHENI KUBE NESIVUVU YIKHONA UKUBANGELA UKUTHI ISIVUVU SINGAKWAZI UKUGWEMEKA NGOKWEMVELO. LOBUNGOZI BUHOLELA EKUTHENI KUBE NOMONAKALO ONQENQEMENI LOMKHATHI WEZULU, OKUNGEKE KUBELULA UKUTHI ULUNGISEKE, BESEKUDALEKA UMONAKALO EMHLABENI WONKE JIKELELE NASEZILWANDLE. NAMHLANJE IZINKOLO ZETHU ZIHLANGENE NGALENHLABAMKHOSI YOKUNAKEKELA UMHLABA UKUVIKELA ABAHLWEMPU NABAHLUKUMEZEKILE. UKUTHATHA IZINYATHETO EZINQALA UKULWISANA NOKUGUQUGUQUKA KWESIMO SEZULU KUYIMIGOMO NEMVELAPHI YOKHOLO LWETHU, NOBUHLAKANI BOKUZWELANA NABANTU BAKITHI.

SIYAZIBONA IZINTO EZIDALWA UKUGUQUKA KWESIMO SEZULU EZINGEZINHLE, NGAKHO KE SINXUSA ABAHHOLI BOMHLABA WONKE UKUBA BALWISANE NASESISIMO, UKUNCIPHISA IZINGA LEGESI ELIDALA LOKHU. SIPHINDE SIVIMBE UBUNGOZI OBUSEZAYO OBUBANGELA UKUGUQUKA KWESIMO SEZULU. SIYACELA ESIZWENI SALOMHLABA UKUBA SIQINISEKISE UKUTHI BONKE ABANTU ABAZOTHINTEKA KUMBE BAHLUKUNYEZWE UKUDUMA OKUHAMBISANA NOMBANI ONAMANDLA, IZIKHUKHULA, ISOMISO NOKUGCWALA KWEZILWANDLE NGOKWEQILE BATHOLE USIZO UKUZE BABHEKANE NALESISIMO.

NGOKUBONA KWETHU UKUGUQUKA KWESIMO SEZULU AKUBANGELWA NJE KUPHELA YINKINGA YEZOMNOTHO, KODWA OKUNYE OKUDALA LOKHU IZINTO EZENZIWA NGABANTU, ABAKHOLELWA KUZO NEZINGAMASIKO ABO. SIYAZINIKELA UKUBA SIHLANGANYELE NDAYONYE UKUFUNDISA SIPHINDE SINIKEZE UMHLAHANDLELA KULABO BANTU ABAHAMBISANA NALENHLABAMKHOSI KWEZENKOLO. KUFANELE SONKE SIPHILE NGOKUHLANGANYELA KULOMHLABAKAZI WETHU.

SIYABONA UKUTHI UKUGUQUKA KWESIMO SEZULU KUSILETHELA IZINGQINAMBA, NGAKHO KE NATHI ASILETHE IZINDLELA ZOKUNCIPHISA LEGESI EDALA ISIVUVU SOKUSHISA. UKUNCIPHISA LESISIVUVU KUNGASIZA KAKHULU EZOMNOTHO UKUTHI ZIHLALE ZIKHONA NJALO, KUNGAVIKELA UMHLABA WETHU, KUKHUPHULE ABAMPOFU, FUTHI KUHLANGANISE WONKE UMUNTU OKHUNGATHWE YILENGOZI. UKUSIZA IMIPHAKATHI KUMBE ABUNTU, IZIHLAHLA NEZILWANE EZIBUTHAKATHAKA UKUBA ZIPHILE FUTHI ZIMELANE NOKUGUQUGUQUKA KWESIMO SEZULU, KUYOBA UBUHLAKANI, NOMUSA NOKUYINTO EBALULEKILE KITHINA BANTU.

SIYAZIBOPHEZELA UKWENZA OKUTHILE, NGOKUTHI SISHINTSHE UKWENZA KWETHU NALOKHO ESIKUTHANDAYO NANGENDLELA ESIWUBONA KUMBE ESIWUTHATHA NGAYO UMHLABA. SIFUNDE SIPHINDE SIFUNDISE IMINDENI YETHU, ABANGANE NAMAKHOLWA UKUGCINA IZINTO EZINGABA YISIDINGO EMAKHAYA ETHU, NASEMHLABENI ESIPHILA KUWO, SIGCINE ISIMO SEZULU ESIFANELEKILE NOKUYILAPHO YONKE IMILO INCIKE KHONA.

NGOMOYA WOKHOLO SINXUSA ABAHHOLI BEZENKOLO NABO BONKE ABANTU ABAPHILA KULOMHLABA UKUTHI BAKWAMUKELE UKUTHI LOBUNGOZI BUBHEKANE NATHI SONKE. KUNGUMSEBENZI WETHU UKUTHATHA ISINQUMO NGOKUSHESHA UKUVIMBELA LOBUNGOZI.